Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

LWEZI 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ongama-38.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Imiyalelo yokumaka leli iphepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela wokumaka.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

UNOLUXOLO/UNOXOLO – KNN Gcumisa

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-37.

ISINGENISO: Ohlolwayo makaqale achaze ukuthi uyini umqondo wenkondlo ngaphambi kokuthi asho ukuthi imbongi iwasebenzise kanjani amasu ahlukahlukene njengokusetshenziswa kwezifengqo, imifanekisomqondo, ukukhethwa kwamagama, imvumelwano kanye nezimpawu zokuloba.

UMZIMBA
Amasu anhlobonhlobo athula umqondo wenkondlo

- **Ufana namanz'apholile**: (**isifaniso)** – imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo oyisifaniso lapho ifanisa uxolo nempophoma enamanzi apholile. Uxolo lunakekela bonke abantu abalufunayo.
- **U..., U..., U..., U... : (Imvumelwano siqalo) -** imbongi isebenzise imvumelwano siqalo emgqeni woku-1 kuya kowe-4 ukuletha umqondo wokuthi ikhuluma ngoxolo nomsebenzi walo kumuntu.
- **Upholil' uphuzisa – (isenzasamuntu)** imbongi iveza ubumnandi umuntu aba nakho uma enoxolo.
- **Mduduzi**: (**isingathekiso/isenzasamuntu)** - imbongi ibiza uxolo ngoMduduzi ngoba lukwazi ukududuza ubantu abangaphathekanga kahle emphefumulweni nasemoyeni.
- **Ukuheleza komoya obandayo**: (**inzwa yokuthinta / inzwa yokuzwakalayo)** – Imbongi igqamisa ukuthi lapho kunezinkinga phakathi kwabantu bengezwani, bexabana uxolo luba yisixazululo.
- **Kugeleza ingelezane: (ihaba, umfanekisomqondo wokubonakalayo**) ukugqamisa ukuthi uma kuphela uxolo kubantu, bayabulalana nsuku zonke kuchitheke igazi.
- **Kubhekenwe ngeziqu zamehlo**: (**umfanekisomqondo wokubonakalayo, isisho**) – imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo / isisho ukugqamisa inzondo nokungafuni ukuzithoba ukuze kube noxolo.
- **Imilomo ikhafula okumuncu: - (ukukhethwa kwamagama / umfanekisomqondo wokuzwakalayo nokunambithekayo)** – imbongi igqamisa umqondo wokuthi abantu bakhuluma izinto ezingakhi nezibulalayo kuphela ngenxa yokungabi nalo uxolo.
- **UNoxolo**: (**ukwenzasamuntu)** – imbongi igqamisa ukuthi uxolo kuphela olungaxazulula zonke izinkinga zabantu ukuletha ukujabula nothando.
- **Kothando, umusa noxolo: (izimpawu zokuloba) -** imbongi isebenzise uphawu ukhefana ukukhombisa ukuphumula (isikhawu/isizura) nokugqamisa izinto ezinhle ezilethwa uxolo.

ISIPHETHO/UVO LOMFUNDI: (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.) Imbongi isebenzise kahle amasu anhlobonhlobo ukwethula umqondo wenkondlo.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle.]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.] **[10]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

NOMA

UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE

NGIBONGA NGIYANCONCOZA – Imbongi ayaziwa

2.1 Isifaniso, Imbongi izibona isencane emkhakheni wokubhala izinkondlo, iphokophelele ekubeni yimbongi evuthiwe.

[Nikeza amamaki amabili uma esishilo isifengqo waphinda wanikeza incazelo yaso ngokwenkondlo.] (2)

2.2 Umoya wokujabula / wokubonga / wokutusa. Imbongi ijabulela ukuklonyeliswa ngokuphumelela ekubhaleni kwayo izinkondlo njengoba iqala ukubhala nezimbongi ezindala.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile kafushane umoya wale nkondlo otholakala kule migqa. (2)

2.3 Umfanekisomqondo ulekelele ukuba ngiqonde ukuthi ababhali asebebadala kafanele bangakhathali ukulekelela intsha ukuze ithuthukise ikhono ngoba abantu abasha kusasa kuzobe kuyibo izingqungqulu.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umfanekisomqondo oqukethwe yilo mugqa ukuthi umelekelele kanjani ukuqonda le nkondlo.] (2)

2.4 Imbongi ihlose ukuletha umgqumo omnandi oveza ukuthi yiyo uqobo lwayo imbongi ebonga ingaphezi kubabhali bezinkondlo abayisizile/abayifundisile.

[Nikeza amamaki amabili uma ekhombise inhloso yembongi ngokusebenzisa ifanangwaqa.] (2)

2.5 Imbongi ikusebenzise kahle ukuxhumana siqalo, 'Lisacij' no Licijwa' ukugcizelela ukuqeqeshwa okunzulu ngababhali abaseqophelweni eliphezulu lokubhala izinkondlo.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngempumelelo yembongi ngokusebenzisa ukuxhumana.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo] (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE

IMFIHLO – MH Mazibuko

3.1 Izinyanga nezanusi ziwachitha ziwaqoqe.

[Nikeza imaki elilodwa uma ewubhalile umugqa onesifenqo waphinde wasidwebela.] (1)

3.2
- Imbongi ithi nokwaziyo ukugcina izimfihlo ugcina eseyikhiphile kodwa le mfihlo ewukufa ayaziwa muntu ngisho nasondelane kakhulu nabo.
- Uma umuntu eseshonile akabe esabuya ukuzotshela umndeni ngokwenzeka ngale kwethuna.
- Akatsheli ngisho nabantabakhe/umndeni, uthi bayozibonela uma nabo sebeficwa ukufa.

[Nikeza amamaki amathathu uma echaze kafushane ngamaphuzu amathathu umqondo oqukethwe ibinza lesibili.] (3)

3.3 Imbongi ihlose ukukhombisa lapho kumele kuphunyulwe khona nokukhombisa okwenzekayo empilweni mayelana nomthetho kanye nomphumela wokweqiwa kwawo. Umphumela wokungalandelwa komthetho obekiwe kuholela ekutheni uhlawule / ugwetshwe.

[Nikeza amamaki amabili uma eyikhombisile inhloso yembongi yokusebenzisa isizura.] (2)

3.4 Imbongi isebenzise ithoni yokuhlonipha / yokukhathazeka / yokudideka / yokudumala. Imbongi ikhuluma sakukhuluma nethuna ibuza ngokwenzeka ngale kwethuna okungaziwa muntu.

[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile ithoni equkethwe umugqa we-18.] (2)

3.5 Ikhono lembongi lokusebenzisa isenzukuthi u'vo' lisetshenziswe ukugcizelela umthetho owodwa kuphela ongasoze weqiwa muntu ngisho noma ngabe umuntu udelela kanjani.

[Nikeza amamaki amabili uma elivezile ikhono lembongi ekusebenziseni isenzukuthi.] (2)
[10]

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

UGQOZI – BW Vilakazi

4.1 Ngem' othangweni ngakhuleka,
Ngakhuleka laze layoshona.
Ukuxhumana okutshekile.

[Nikeza amamaki amabili uma ekutomulile ukuxhumana bese esho uhlobo lwakho.] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

4.2 Isigqi esisheshayo. Nakuba yonke imigqa ivalekile inezimpawu zokuloba kodwa ngenxa yokweqiwa konkamisa kanye nomoya wokujabula okuleli binza kwenza isigqi sisheshe.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane ngohlobo lwesigqi.] (2)

4.3 Umqondo walo mugqa uphelela kolandelayo okusho ukuthi imbongi yathi iyazama ukuhaya yahluleka ngoba yayingakwazi ukuhaya njengobabomkhulu bayo.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuchaza ngokusetshenziswa kwe-injambamenti.] (2)

4.4 Imbongi ihlose ukugcizelela ukuthi kufanele abantu babonge izinto ezinhle abaphiwa zona njengoba imbongi isibuya KwaDukuza ayisamfici uMkabayi owayisizayo ngokuyipha isipho sokuhaya izinkondlo.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yembongi etholakalala kule migqa.] (2)

4.5 Imbongi iveza ubuqiniso ngokusebenzisa ithoni yokukhuthaza / ukugqugquzela njengoba imbongi yagcina isibhala ngaso sonke isikhathi imibhalo yobuciko obahlukahlukene.

[Nikeza amamaki amabili ngokushiwo yimbongi ekugqamiseni ithoni yale nkondlo.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo] (2)
[10]

KANYE

UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE

UBUDE ABUPHANGWA – AB Phakathi

5.1 Ifanankamisa u- ‘a’ / ifanangwaqa u-’b’
Liletha umgqumo nomsindo omnandi.

[Nikeza amamaki amabili uma eligagulile ifanamsindo bese esho umsebenzi walo.] (2)

5.2 Imbongi itshela izingane ukuthi zingajahi impilo ephezulu singakafiki isikhathi ngoba ekuhambeni kwesikhathi zizoyifica le mpilo bese iyazehlula.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane okushiwo imbongi kule migqa.] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

5.3 Umoya wokukhuthaza/ncenga/nxusa ukuthi izingane mazenze ngokusezingeni lazo ngokuzimisela ziyijabulele impilo emnandi eziyobe seziyiphila uma seziphumelele.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya oqukethwe imigqa enikeziwe] (2)

5.4 Imbongi ihlose ukuletha umculo nomgqumo omnandi nokugcizelela ukuthi labo abasafunda ababekezele, ekugcineni bazowuthola umvuzo.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kwemvumelwano.] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa impindwa ethi, 'ubude abuphangwa/ungabuphangi' ukugcizelela ukuthi ungabojaha izinto ukuba zenzeke ngokushesha.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngempumelelo yembongi ekusebenziseni impindwa.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.] (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze umyalezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomyalezo othi, 'Izinqumo esizithathayo ngempilo yethu zingaba nemiphumela engemihle kwabanye abantu nakithina uqobo.' Lo myalezo ugqanyiswa abalingiswa abalandelayo:

UMZIMBA

UMHLENGI/UMAHLENGI

- Isinqumo sikaMhlengi sokutshela uNontobeko isithandwa sakhe ukuthi mabahlukane engamtsheli nesizathu senza ukuba uNontobeko acabange ukuthi umshiya ngoba esethole omunye umuntu. UNontobeko uyakhala uphuma efulethini edidekile, ushayiswa yimoto ulimala kakhulu.
- Isinqumo sikaMhlengi sokutshela uNgidi ukuthi uyi-*gay* sidala ukuthi alahlekelwe ngumndeni wakhe ngoba uyise uNgidi uxabana naye uyamxosha.
- Isinqumo sikaMahlengi sokungalinaki isoka lakhe uNdumiso ngenkathi limvakashele siba nomphumela wokuthi uNdumiso abhokelwe yisikhwele ngoba ecabanga ukuthi uMahlengi uzomala, kwaba nomphumela wokuthi uNdumiso ashaye uXolani.
- Isinqumo sikaMahlengi sokuvumela uXolani ukuthi alokhu evakashela efulethini siba nomphumela wokuthi uNdumiso agcine esethatha isinqumo sokuyobamba uNgidi inkunzi ukuze alobole uMahlengi khona angezukumphunyuka.

UXOLANI

- Isinqumo sikaXolani ngokulandela uMahlengi emuva komhlangano siba nomphumela ongemuhle emndenini wakhe ngoba uqala ukuxabana nenkosikazi yakhe uLungile.
- UXolani uphinde angawukhathaleli umndeni wakhe esebuya ebusuku enuka neziqholo zabantu besifazane i-*Red door* ebuyela nasotshwaleni.
- UXolani ugcina eseshelwa ngumuzi wakhe kwashona nezingane zakhe.
- Isinqumo sokushiya inkosikazi yakhe ekhaya emuva kokusha komuzi wakhe uya kuMahlengi ufika athole amaqiniso amphula umoya.

UNONTOBEKO

- Isinqumo sikaNontobeko sokuqoma uNkululeko ebe azi ukuthi usanothando lukaMhlengi siba nomphumela wokuthi ashiye phansi umshado ngobusuku obandulela umshado wakhe noNkululeko.
- Isinqumo sakhe sidala ukuhlukumezeka okukhulu emindenini yomibili owakhe kanye nokaNkululeko, yatheleka ngehlazo.
- Isinqumo sikaNontobeko sokushiya uNkululeko saba nomphumela wokuthi uNkululeko angakwamukeli ukushiywa yingoduso yakhe agcine ngokuzibulala.
- Isinqumo sikaNontobeko sokuyofuna uMhlengi kubo eGcilima siba nomphumela ongemuhle kuyena uqobo ngoba ugcina ethola ukuthi uMhlengi uphila njengomuntu wesifazane

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)
(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usebenzisa abalingiswa abathile ukugqamisa umyalezo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo esebenzisa abalingiswa abanikeziwe ukugqamisa umyalezo kule noveli.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 Umoya wokukhathazeka/wokubalisa. UNontobeko ukhathathazekile uyabalisa ukubona isikhathi sokulinda uNkululeko sihamba kancane kakhulu kanti futhi akasakhululekile ngoba kunabantu abaningi ekhaya abeze ukuzolungiselela umshado.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

7.2 Umlandi usitshela ngemizwa yabalingiswa njengoba uNontobeko wayengasakhali wayesenesibindi sokubhekana noNkululeko.
Umlandi uphinde asitshele ngemizwa yomlingiswa onguNkululeko njengoba ebingelela uNontobeko ngokuxwaya uma engena emotweni.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi ebhekise kuNontobeko noNkululeko] (2)

7.3
- UNontobeko wayesanda kwaliwa nguMhlengi wase ephuma efulethini lakhe ekhala, ephithene ikhanda akazange esayibona imoto eyayishayelwa nguNkululeko waziphonsa kuyo yamshayisa.
- UNkululeko wamphuthumisa esibhedlela, waqhubeka nokumvakashela ngisho esephumile esibhedlela wagcina esemshela bathandana.
- UNkululeko wala zonke izintombi zakhe, walobola uNontobeko nakuba ayekubeke kwacaca kuNkululeko ukuthi usanothando lukaMhlengi.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqe ukulandelana kwezigameko ngamaphuzu] (3)

7.4 Indikimba yale noveli uthando. Bobabili babe nothando lweqiniso lukaMhlengi/ Mahlengi baze banquma ukunamathela kuye yize benabantu ababathanda ngokweqiniso. UXolani wathanda uMahlengi eqala ngqa ukumbona emhlanganweni wokuthuthukisa osomabhizinisi abasafufusa waze wadebesela uthando lwakhe nomkakhe uLungile kanjalo noNontobeko walahla uNkululeko waqoka ukuyofuna uMhlengi kubo kwaNgidi eGcilima./

Indikimba yale noveli ithemba, bobabili uXolani noNoNtobeko babe nethemba. UXolani wathi angahlangana noMahlengi emhlanganweni wosomabhizinisi waba nethemba lokuthi bazothandana kanjalo noNontobeko wala uNkululeka wanquma ukuyofuna uMhlengi enethemba lokuthi hleze amthole futhi babuyelane.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo okumayelana nezenzo zomlingiswa onguXolani kanye nomlingiswa onguNontobeko ekugqamiseni indikimba yale noveli] (3)

7.5 Umyalezo otholakala esiphethweni sale noveli obhekiswe kuNontobeko ngowokuthi yaneliseka ngalokho onakho noma ungalahli okukhona ngokungekho. UNontobeko akazange aneliseke, wala uNkululeko owayemthanda ngokweqiniso, wayofuna uMhlengi. Ekugcineni uthola amaqiniso okuthi uMhlengi ubengumuntu wesilisa oseziguqulile waphila njengomuntu wesifazane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuchazile umyalezo wombhali osesiphethweni sale noveli, wabhekisa kumlingiswa onguNontobeko]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

7.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi empilweni uyadinga ukuba nomuntu obambisene naye ezintweni, okwazi ukuxoxisana naye. UNgidi wathi esahlukunyezwe wudaba lukaMhlengi lokuthi amtshele ukuthi u'gay; wahlangana noNomalanga waphinde waba nenjabulo. Emuva kwesikhathi esenqume ukuyofuna uMhlengi uNomalanga wameseka ewa evuka naye baze bamthola uMhlengi. Ekugcineni uNomalanga kwaba nguye owabeseka sebebuthaka efulethini likaMhlengi/Mahlengi.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguNomalanga kule noveli]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

7.7 Asiveza njengomuntu oqaphelayo nosakholelwa emithethweni yesintu njengoba sihlaba umkhosi wokuthi akukhuzwe uNontobeko angavunyelwa ukuba athi ezoshada ngakusasa aphume ebusuku.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukusebenzisa amagama agqamile asesiqeshini ukuveza umlingiswa oyisalukazi obizwa ngejaji waphinda wasekela impendulo yakhe] (2)

7.8 Wawungeke ube muhle ngoba uMhlengi wayezobe eqhubeka nokuzenzisa ngenxa yokuthi imizwa yakhe ayikho ebantwini besifazane ufuna ukuzijabulisa nabesilisa. Babezohlala ngokuxabana ngoba uMhlengi wayezohlala othandweni olungamenelisi bagcine behlukana sebechithelene isikhathi.

NOMA

Wawungaba muhle ngoba uMhlengi wayezohlala enoNontobeko isikhathi sonke, wayengagcina ebonile ukuthi akamthande akhohlwe ukuthi unemizwa

ngabantu besilisa. Babezohlala ngokuzwana njengoba uNontobeko wayezobe emkhombisile ukuthi umthanda ngokweqiniso njengoba wakwazi ukuhamba ayomfuna.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza ukuthi wawungaba njani umphumela wothando lukaNontobeko noMhlengi waphinda wasekela] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

7.9 Akwamukelekile ngoba akukuhle ukuthi esikhathini sanamuhla uma ungumuntu wesilisa ube nezintombi ezingaphezu kweyodwa ngenxa yezifo ezingelapheki futhi nendlela yokuphuza uphuzo oludakayo kumele lube sezingeni elilawulekayo ukuze ungangeni ezinkingeni njengoba uS'bu ubiza uZakithi kukhona uNomthi bagcina ngokulwa wahluleka ngisho ukubalamula.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyakwamukela/ akakwamukeli bese esekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

7.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguNkululeko. Ngangiyophatheka kabi, ngikhale, ngicabange ukuthi ngizowubhekelwa ngubani umndeni wami nokuthi lolu daba ngizofike ngilwethule kanjani.

NOMA

Angizwelani nomlingiswa onguNkululeko. Ngangiyokwamukela ngiqhubeke nempilo hleze ngibuye ngimthole engiyomthanda ngokweqiniso, ngimshade ngoba vele uNontobeko wayemtshelile uNkululeko ukuthi kungenzeka ahluleke nokuqhubeka nothando lwabo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe wokuzwelana / wokungazwelani bese esekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)
[25]

UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze umyalezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomyalezo othi 'ukuthanda imali ngokweqile kungaba nemiphumela engemihle kwabanye abantu nakithina uqobo'. Lo myalezo ugqanyiswa abalingiswa abalandelayo:

UMZIMBA
UCHULE

- UChule unomhobholo wemali ngoba ugaqela abafelokazi abaqole izimali zabo.
- Lo mhobholo wakhe udala ukuthi ahlukane noMaDludla ngenxa yokuthi ufuna

  enye imali yabafelokazi angayisebenzelanga.
- Umhobholo wakhe umenze waxabana nomngani wakhe uDaffo ngoba engafuni ukumnika ingxenye yemali kaNomvula yize noDaffo ayemsizile ukuba bayithole le mali ngokuzenza iphoyisa ukuze aqhelukise uGenyeza kuNomvula.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

- Umhobholo wakhe umdalela isikhwele nengxabano emzini wakhe noNomvula ngoba ebona uNomvula elalela izingoma zikaGenyeza, lokhu kuholela ekutheni acabange ukuthi kungenzeka uNomvula abuyelana noGenyeza bese kudaleka ukuthi imali abanayo noNomvula bayihlukaniselane.
- UChule ugcina akha itulo lokubulala uNomvula lapho kwagcina kufe yena.

UDAFFO

- UDaffo unomhobholo wemali ngoba uqola abafelokazi izimali zabo esizana noChule.
- Umhobholo wakhe wabanga ukuthi ngenkathi uChule esesibhedlela abone kuyithuba lokuthi athole imali kaNomvula noChule ngokuyoshela uNomvula.
- Lesi senzo sidala ingxabano phakathi kukaChule noDaffo.
- UDaffo ngenkathi esejele uthengwa ngumngane wakhe uChule efuna ukuziphindiselela ngokumenza isigqila.

UMAHADEBE

- UMaHadebe unomhobholo wemali kaNomvula ngoba uhamba uyofuna umuthi wediphi kuMaNkwanyana ufuna ukudlisa uMaNdelu ukuze athole wonke umcebo kaNomvula.
- Uthumela incwadi yocingo kuNomvula ukumazisa ngokufa kukaMaNdelu ukuze amdlise uNomvula uma efika ekhaya.
- Uthumela uMahuzu ukuba baye kophuca uNomvula incwadi, uma beqeda athathe incwadi bamhlanyise ngomuthi ukuze imali kube ngeyakhe nomndeni wakhe kuphela. Lokhu kwadala ukuba endleleni uMahuzu ashayiswe iloli afe.
- UMaHadebe udla inyama yenkukhu enobuthi ngoba efuna ukukhombisa uMandelu ukuthi ayinabuthi lokho kwaba nomphumela wokuthi agule aye esibhedlela ngenxa yomhobholo.

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)

(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usebenzisa abalingiswa abathile ukugqamisa umyalezo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo esebenzisa abalingiswa abanikeziwe ukugqamisa umyalezo kule noveli.]
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha.]

[25]

UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 Umoya wentukuthelo. UGenyeza akakhombisi ukuzwelana noNomvula njengoba eshonelwe ngumfowabo kodwa uthukutheliswa ukubonana kukaNomvula noChule uze ubiza uChule ngesithunywa sikaSathane. UNomvula umcela ukuba amshiye yedwa njengoba engakhombisi ukuba nozwelo lokushonelwa. / Umoya wosizi. UNomvula ushonelwe umfowabo, ulindele ukuthi uGenyeza amduduze / amlilele.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

9.2 Umlandi usitshela ngemizwa yabalingiswa njengoba uGenyeza ungena ethukuthele uyaduba, uphindela lapho ehlala khona emuva kokuba uNomvula emcele ukuba amshayise ngomoya. Uphinde asitshele ngemizwa kaNomvula, uyakhala lapho eqalekisa ukuba khona kwemali ayiwinile njengoba uChule emwotawota amesula izinyembezi ngesithupha nangeduku lakhe lokho okwakwehlule uGenyeza.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi ebhekise kuGenyeza noNomvula] (2)

9.3
- Kwafika uMahuzu nabangane bakhe oMchitheni noMsonteni bethunywe nguMaHadebe ukuba bathathe incwadi yocingo bese bedlisa uNomvula umuthi wokumhlanyisa.
- Wathi uNomvula esalwa noMchitheni noMsonteni kwafika uChule walekelela uNomvula zagcina zishaye zachitha izigebengu.
- Endleleni oMahuzu bashayiswa yiloli bashona okwaholela kulesi sigameko.

[Nikeza amamaki amathathu uma efingqile ngamaphuzu ukulandelana kwezigameko] (3)

9.4 Indikimba yale noveli umhobholo wemali. Bobabili laba balingiswa banomhobholo wemali. UChule noDaffo babekhohlisa abafelokazi bebaqola izimali zabayeni babo ngokubakhohlisa bathi bayabathanda. Bagcina sebexabana bebanga imali kaNomvula owayeshade noChule, uDaffo wabe eseyifuna ngoba ethola ithuba ngenkathi uChule elalisiwe esibhedlela.

[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo okumayelana nezenzo zomlingiswa onguChule kanye nomlingiswa onguDaffo ekugqamiseni indikimba yale noveli] (3)

9.5 Umyalezo otholakala esiphethweni sale noveli ubhekiswe kumlingiswa onguChule ngowokuthi umhobholo awukhokheli. UChule waba nomhobholo wemali wafuna ukubulala inkosikazi yakhe uNomvula ngokuyithengela abantu ukuba bambulale uNomvula kepha kwagcina kufe yena ngokupitshizwa yimoto ehlane wasinda uNomvula.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuchazile umyalezo wombhali osesiphethweni sale noveli, wabhekisa kumlingiswa onguChule]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

9.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi bakhona abantu abanobuntu nabakwazi ukukhathalela / ukuzwelana nabanye abantu yize bengasondelene nabo. Emuva kokuba uMaSikhakhane ezwe ukuthi uMaHadebe ubezofuna ushevu kuMaNkwanyana wokubulala uMaNdelu noNomvula wakwazi ukuxwayisa uMaNdelu ngengozi ayeyizomehlela wathi engabe esadla lutho alunikwa uMaHadebe futhi watshela uMaNdelu ukuthi akoxwayisa uNomvula ukuthi angayinaki incwadi yocingo ezofika ibika ngokushona kwakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaSikhakhane kule noveli]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

9.7 La magama agqamile amveza njengomlingiswa onodlame / othanda ukulwa nongenazwelo uGenyeza njengoba ecasukela ukufika kukaChule emsongela ngokuthi angamjezisa kanjani ngokulokhu egaqele uNomvula futhi uGenyeza wayengakhombisi ukuba nozwelo ngokushonelwa kukaNomvula.

[Nikeza amamaki amabili uma ohlolwayo ekwazile ukusebenzisa amagama agqamile asesiqeshini ukuveza umlingiswa onguGenyeza waphinda wasekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

9.8 Wawungaba mubi ngoba uGenyeza wayezolokhu eqhubekile eshaya abantu abeze kuNomvula naye uNomvula uqobo wayengagcina engakuthokozeli ukuthandana noGenyeza njengoba ayehlala emthethisa noGenyeza wayengeke aqambe izingoma zothando, acule adume umhlaba wonke.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza ukuthi wawungaba njani umphumela wothando lukaNomvula noGenyeza waphinda wasekela] (2)

9.9 Akwamukelekile ngoba uMeyili akakhombisanga ukuba ngubaba kuNomvula, wamxosha uNomvula emuva kokuthi ethole ingane, wamzonda, wambiza nangamagama. Wathi uma ethola kuthi uNomvula uwine imali yomjaho i-pick six' wahlangana noMaHadebe bafuna ukuqola uNomvula imali yakhe yonke. Wathatha imali kaMandelu ayekade eyithunyelelwe uNomvula ngoba ethi konke okuphakathi kwekhaya kwakungokwakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ohlolwayo ekuvezile ukuthi uyakwamukela/ akakwamukeli bese esekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

9.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguNomvula. Ngangiyophuma ngiphele empilweni yomndeni wami ngoba ngangizobe sengibonile ukuthi bayingozi kimi nakumama wami uqobo, ngithathe umama wami ngimakhele umuzi kwenye indawo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe wokuzwelana/wokungazwelani bese esekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE
***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze umyalezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomyalezo othi 'ukungabi nesimilo esihle kungaba nemiphumela engemihle kwabanye abantu nakithina uqobo'. Lo myalezo ugqanyiswa abalingiswa abalandelayo:

UDUMAZILE

- UDumazile uya esikoleni ukuyofunda kepha akabi nesimilo ngoba uqoma uthisha, udelela umisi Hlophe ngokumtshela ukuthi ngeke ahlukane nothisha uMoloi yena, uyakhulelwa ubuyela ekhaya engaqedile isikole.
- Ukungabi nesimilo kukaDumazile kwenza ukuthi ngenkathi esebenza esitolo athandane noSithole ebe azi ukuthi unenkosikazi ugcina ephelelwe umsebenzi.
- UDumazile uhlalisana noSithole aze athola ingane okungeyesibili engashadile.
- UDumazile uthi esehlala noSithole athandane noMtalaselwa bashade athi esahlala naye aqhubeke nokubonana noSithole emgwaqeni agcine eshaywa nguMtalaselwa.
- Aphinde abonise ukungabi nasimilo ngokuthi ahlangane noMoloi ngemuva kweminyaka afune ukuziphindiselela kuye ngokuqhubeka athandane naye yize eseshadile. Ugcina esengenisa amadoda amabili uSithole noMoloi endlini yakhe eshadile alwa, indaba iphuma ephephandabeni.
- UDumazile ugcina ebaleka kwakhe eshiya izingane zodwa. ULerato agcine eyeke isikole egada izingane zakwabo.
- UDumazile ugcina esegula aze ashone ebulawa yisifo sengculaza ngenxa yokungabi nasimilo.

UMOLOI

- UMoloi ubonisa ukungabi nasimilo ngoba uthi eshadile athandane noMisi Hlophe ebe enenkosikazi agcine esemkhulelisile.
- UMoloi uthi enguthisha athandane noDumazile oyingane yesikole naye agcine ekhulelwe lokho kwaholela ekutheni abaleke aphelelwe umsebenzi.
- Uthi angakhulelisa uDumazile ambalekele, kuthi ngemuva kweminyaka kuqhubeke ukungabi nasimilo kwakhe ngoba uthi esehlangana noDumazile aqhubeke athandane naye yize azi ukuthi uDumazile ushadile agcine eshaywa nguSithole belwela uDumazile.
- UMoloi naye ugcina eshona ebulawa yingculaza ngenxa yokungabi nasimilo.

USITHOLE

- USithole ukhombise ukungabi nesimilo esihle ngoba uthi eshadile nomaNzimande athengele uDumazile umuzi eMlazi kugcina ngokuhlukumezeka kukaMaNzimande axabane naye aze afake isahlukaniso.
- USithole usuka kwakhe uhlala noDumazile eMlazi ebe engashadile naye.
- USithole ukhulelisa uDumazile ebe engashadile naye. UMaNzimande ugcina esehlupheka.
- Uthi esehlala kwakhe esebuyela kwaMaNzimande uyaqhubeka uyabonana noDumazile emgwaqeni ebe azi kahle ukuthi uDumazile ushadile.
- USithole uphuma emaphepheni elwa nembangi yakhe uMoloi bebanga inkosikazi yomuntu enguDumazile.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)
(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usebenzisa abalingiswa abathile ukugqamisa umyalezo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo esebenzisa abalingiswa abanikeziwe ukugqamisa umyalezo kule noveli.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE

***KUNJALO-KE* – MJ Wanda**

11.1 Umoya wentukuthelo. UDumazile ufikelwa yintukuthelo lapho ebona uMoloi owambalekela ngesikhathi ekhulelwe eseyingane yesikole waze waxoshwa esikoleni useze ucabanga nokumbizela amaphoyisa ukuze ambophe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

11.2 Umlandi usichazela ngemizwa yabalingiswa. Uchaza imicabango kaDumazile yokuthi akakholwa ngenkathi ebona uMoloi owayemgilile wamshiya. Waphinde wasichazela ngemicabango kaMoloi onokuzenzisa ngenkathi uDumazile echaza ukuthi ungubani futhi bazana kanjani noMoloi. / Uchaze okwenzekayo ngenkathi umhlengikazi ehla emotweni kaMoloi kungena uDumazile nangenkathi uMoloi ebhala phansi izinombolo zocingo lukaDumazile.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi ebhekise kuDumazile noMoloi] (2)

11.3
- UDumazile wayefunda eMbumbulu efundiswa nguthisha uMoloi okwagcina esemshela.
- Bathandana uMoloi noDumazile owagcina esekhulelwa. Kwathi sekufika unina kaDumazile namakhosikazi aseMbumbulu esikoleni wababona uMoloi wababalekela abazange baphinde bahlangane.
- UMoloi wabe esethola umsebenzi wokuxhasa abantu abaphethwe yingculazi wakwa-New Life kanti uzohamba afike endaweni eyayisebenza uDumazile esengumhlengikazi ezobachazela, yilapho-ke ambona khona uDumazile.

[Nikeza amphuzu amathathu uma efingqile ngamaphuzu ukulandelana kwezigameko] (3)

11.4 Indikimba yale noveli eyesimilo esixegayo. Bobabili oMaNzimande noSithole babenesimilo esixegayo. UMaNzimande uthe engakahlukanisi noSithole wathandana nomunye umuntu owayemfaka endlini kaSithole kanjalo noSithole uthe engahlukanisile noMaNzimande wahamba wayohlala noDumazile eMlazi engamlobolile, waze wamkhulelisa.

[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo okumayelana nezenzo zomlingiswa onguMaNzimande kanye nomlingiswa onguSithole ekugqamiseni indikimba yale noveli] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

11.5 Umyalezo otholakala esiphethweni sale noveli obhekiswe kuDumazile ngowokuthi ukungaziphathi kahle kuba nomphumela ongemuhle/omubi. UDumazile akazange aziphathe kahle eseyingane yesikole, waqoma uthisha wakhulelwa waxoshwa esikoleni. Waqoma uSithole eganiwe, wakhulelwa. Wavumela uMoloi noSithole ukuthi beze emzini wabo noMtalaselwa, balwa.

Wagcina ethole umvuzo wokugula aphathwe yisifo sengculaza agcine ngokushona. / Umyalezo otholakala esiphethweni sale noveli obhekiswe kuDumazile ngowokuthi kuhle ukuthi uxolise kubantu obonile. UDumazile ngaphambi kokuba ashone waxolisa kumamezala wakhe nakubo bonke abembatha ngubo yinye nabo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuchazile umyalezo wombhali osesiphethweni sale noveli, wabhekisa kumlingiswa onguDumazile]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

11.6 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi kungenzeka ukuthi abantu esibathembile kube yibo abasicekela phansi njengoba umakhelwane kaMaNdovela onguMaJwara wathi ebona ukuthi uMaNdovela unenkinga nomyeni wakhe uKheswa mayelana nokukhulelwa kukaDumazile wabona ukuthi kuyithuba lakhe lokumudla izithende afune ukungena kwakhe . Wazama ukuchitha umuzi wakhe ngokuqamba amanga athi uKheswa ufuna ukubulala uMaNdovela okwaholela ekutheni uMaNdovela ahambe kwakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaJwara kule noveli]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

11.7 La magama agqamile amveza njengomlingiswa onamagqubu/ongaxoli njengoba esamkhumbula kahle ukuthi nguye uthisha uMoloi owayemgcine eseyingane yesikole futhi wayefisa nokumbophisa.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukusebenzisa amagama agqamile asesiqeshini ukuveza umlingiswa onguDumazile waphinda wasekela impendulo yakhe] (2)

11.8 Wawungaba mubi ngoba uMoloi wayengaxoshwa esikoleni, aqhubeke akhohlise uDumazile njengoba wayenenkosikazi futhi eqonywe umisi khona lapho esikoleni.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza ukuthi wawungaba njani umphumela wothando lukaMoloi noDumazile waphinda wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

11.9 Akwamukelekile ngoba uKheswa wayenguyise kuDumazile, uDumazile wenza iphutha njengazo izingane ezikhulelwa zifunda isikole kwakungafanele amjezise ngokumxosha kwakhe. Kwakungamelanga axoshe uMaNdovela owayengamthumile uDumazile ukuthi akhulelwe yize ayemncengele ukuthi aqhubeke nokufunda.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyakwamukela/ akakwamukeli bese esekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

11.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguDumazile. Ngangiyophatheka kabi, ngicele yonke imininingwane kaMoloi ukuze ngikwazi ukuthi ngiye kofaka isondlo eNkantolo, akwazi ukondla ingane yakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe wokuzwelana / wokungazwelani bese esekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)
[25]

UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze umyalezo akhombise ukuthi unalo ulwazi lomyalezo othi ‘ukungawazisi umndeni wakho kungaba nemiphumela engemihle kwabanye abanye abantu nakithina uqobo'. Lo myalezo ugqanyiswa abalingiswa abalandelayo:

UMZIMBA
UBAFANA

- UBafana wakhuliswa ngumalume wakhe onguCele ngemuva kokushona kukadadewabo uQophitshe kepha kwathi uCele esephelelwa ngamandla okukhulisa izingane zikadadewabo kaBafana waya kuBafana wayomcela ukuba azikhulise. Kwathi uma efika ekhaya likaBafana wamxosha ngoba ethi akashongo ukuthi uyeza.
- UBafana ugcina engasahlonishwa yinkosikazi yakhe uPoppie ngoba uthi eshaya imithetho emzini wakhe uPoppie angamlaleli, uqhubeka nokufunda yize uBafana ayemalele, wathi ushaya umthetho wokuqeqesha izingane ngokuzifundisa umsebenzi wasendlini ale uPoppie, wathi ejuba uPoppie ukuthi angathengeli izingane imoto nalapho uPoppie wazithengela.Wagcina edubile eshiya umuzi wakhe wabuyela emzini wabo eMlazi wayohlala khona.
- Uphelelwa umsebenzi wazinikela otshwaleni uhambe ehlala ugcina esehlala nomunye umasihlalisane onguMaMthunzi. Nalapho uhamba ngemuva kokulahlekelwa yimoto yakhe engozini yemoto eyayithathwe yisoka likaPrisca ingane kaMaMthunzi. Umshwalense awukhokhi ngoba uMgwazeni enye yezingane zikaMaMthunzi yamsongela ngokumbulala uma eke wavula icala.
- Uhamba kwaMaMthunzi ugcina esehlalisana nomhlolithwasa uMaMsibi owayemhlukumeza ngokumshayisa isigubhu, amwashise nezingubo zakhe ngisho nezangaphansi. UMaMsibi uthi uBafana unesinyama kufanele abuyele ekhaya kubo ayosigeza.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

- Uyaxakeka usaba nokubuyela ekhaya uze wacabanga nokuzibulala, usizwa

  yiNdiya elimyala ngokuthi abantu abazibulalayo abangeni ezulwini. Ugcina ngokuzidela amathambo ubuyela eMpaphala kubo eyocela uxolo ngokungabazisi.

UPOPPIE

- UPoppie ubonisa ukungabi nandaba nomndeni ngoba wenqaba ukukhulisa izingane zikadadewabo myeni wakhe u-Hlanganisani no-Uzithelile ngoba ethi abazihlelelanga futhi ezasendaweni yasemakhaya.
- U-Euthenasia ugcina esephenduka ihlongandlebe ngokuba yisela antshontshele uMaXakushe imali, angamhloniphi noMaXakushe emdala kunaye.
- Ingane kaBafana yeqa umthetho wasendlini intshontsha imoto kathisha wakhe uMiss Hawkins.
- U-Euthenasia uphula umthetho wabazali bakhe ababengayifuni indawo yaseMpaphala uyeqa uya khona uPoppie usale ekhathazeka ehla enyuka emfuna.
- UPoppie ubonisa ukungabinandaba nomndeni ngoba uba nomona ngempumelelo kaHlanganisani no-Uzithelile uze ufuna nokubabulala.
- Ugcina elahlekelwa wumshado wakhe ngokuthi umyeni wakhe uNgubane abhunguke.
- UMelody uthola izingane zize ziba mbili ebe engashadile lokho kumkhathaze uPoppie njengomzali.
- UPoppie ugcina ehamba ngezinduku ngenxa yokuthi wayengasakwazi ukuhamba kahle ephethwe yisifo i-*psycho-somatic* okwakungenzeka ukuthi wayejikelwe idlozi.

ISIPHETHO (uvo lohlolwayo)
(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usebenzisa abalingiswa abathile ukugqamisa umyalezo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo esebenzisa abalingiswa abanikeziwe ukugqamisa umyalezo kule noveli.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

13.1 Umoya wokukhathazeka. Ungubane/*Jonny* ukhathazekile ukuthi njengoba besanezinkinga noMaMthunzi uzoke ahambe ayohlala ekameleni ayeselitholile khona bazokwazi ukubhekana / ukuxazulula izinkinga zabo./ Umoya wokuncenga. UMaMthunzi uncenga uNgubane ukuthi angahambi, makahlale, ayofuna ummeli ukuze kuzoxazululeka inkinga abanayo.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya wasekela] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

13.2 Umlandi usitshela ngemizwa / ngemicabango yabalingiswa njengoba uNgubane/*Jonny* ecabanga ngentukuthelo kaMgwazeni kanye nomuzi wakhe wase-La Lucia ashaywe wuvalo. Uphinde umlandi asitshele ngemizwa kaMaMthunzi ekhombisa ukungayemukeli lento yokuhamba kukaNgubane

/Jonny njengoba engamelekelelanga uma uNgubane/*Jonny* eqoqa izimpahla elungela ukumshiya uMaMthunzi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umsebenzi womlandi ebhekise kuNgubane noMaMthunzi] (2)

13.3
- U*Prisca* nesoka lakhe uNkebelele batshontsha isikhiye sikaJonny bahamba ngemoto bayobuka *ibioskop*.
- Endleleni ebuyayo bathola ingozi yemoto uPrisca walimala waya esibhedlela.
- Kwathi ngenkathi uNgubane/*Jonny* ethi uyovula icala kwabuya indodana kaMaMthunzi eyayiyisigebengu yamsongela ukuthi uma eke wavula icala uzombulala. Lokho kwenza uNgubane/*Jonny* ashiye kwaMaMthunzi.

[Nikeza amphuzu amathathu uma efingqile ngamaphuzu ukulandelana kwezigameko] (3)

13.4 Indikimba yenoveli eyobuntu kanye nokungabi nobuntu / imfundo nemfundiso. UNgubane/*Jonny* akanabo ubuntu ngoba wala ukuhlala nezingane zikadadewabo uLinono waphinde waxosha umalume wakhe uCele emzini wakhe ngoba ethi akashongo ukuthi uzofika yize azi ukuthi usuka kude eMpaphala. UCele unobuntu ngoba wakwazi ukuthatha izingane zikadadewabo uQophitshe okunguBafana noLinono wazikhulisa. Waphinde wamukela abazukulu bakaBafana oZaneqiniso abazalwa nguMelody yize uBafana ayemxoshile emzini wakhe oseMlazi.

[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okungumehluko okumayelana nezenzo zomlingiswa onguNgubane kanye nomlingiswa onguCele ekugqamiseni indikimba yale noveli]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

13.5 Umlayezo otholakala esiphethweni sale noveli uthi ungakwenzi okubi kwabanye abantu ngoba ngelinye ilanga uzobadinga. UBafana noPoppie bakwazi ukubuyela eMpaphala yize babengabafuni abantu baseMpaphala emzini wabo, uPoppie waze wafuna ukubulala uHlanganisani no-Uzithelile. Ngesikhathi uBafana eseshaywe umhlaba waxoshwa kwaMaMsibi wabuyela eMpaphala bafika bemukelwa eMpaphala bagcina sebehlala khona.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuchazile umyalezo wombhali osesiphethweni sale noveli, wabhekisa kumlingiswa onguPoppie noBafana]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

13.6 Umbhali uhlose ukugqamisa ukuthi amalungelo abantu abasebenza ezindlini akahlonishwa futhi babukelwa phansi yize belusizo emndenini. UMaXakushe kwakunguye owayefundisa izingane imisebenzi yasendlini abuye abambe iqhaza lokweluleka ngokwempilo o-Melody no-Euthenasia. UPoppie noNgubane babengenasikhathi sezingane. Kwaba lula kuPoppie ukuthatha isinqumo sokumxosha uMaXakushe engazinikanga isikhathi sokulalela uhlangothi lwakhe mayelana nokunyamalala kwemali kaMaXakushe.

Wenqaba ngisho uMaXakushe ethi ucela ukuvalelisa kubantu abaziyo.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaXakushe kule noveli]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (3)

13.7 La magama agqamile amveza njengomlingiswa onothando nonakekelayo. UMaMthunzi wayesenalo uthando lokuhlala noNgubane emzini wakhe kunokuba ayohlala emqashweni eMashinini ukuze baxazulule izinkinga bendawonye engafisi ukuhlukana naye.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukusebenzisa amagama agqamile asesiqeshini ukuveza umlingiswa onguMaMthunzi waphinda wasekela impendulo yakhe] (2)

13.8 Wawungaba mubi ngoba uMaMthunzi wayezala uMgwazeni oyisigebengu owayengagcina embulele uNgubane/Jonny njengoba wayemthembisa ukuthi uma engalesuli icala uzombulala. UNgubane wayezohlala ngokwesaba angabe esakwazi ukuthethisa noma ukubonisa izingane zikaMaMthunzi njengoba uPrisca noMgwazeni babezobe bebonile ukuthi uligwala futhi wayezolesula icala baqhubeke benze amanye amacala, uMaMthunzi angenzi lutho ngalokho.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza ukuthi wawungaba njani umphumela wothando lukaMaMthunzi noNgubane/*Jonny* waphinda wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

13.9 Akwamukelekile ngoba uPoppie wayeyinkosikazi kaNgubane eyayifike ngokuzogana. Kwakungamele aphakamisele uNgubane izwi esemsebenzini akhulume namazwi okweyisa nokumtshela ukuthi kubo kaBafana abahlakaniphile futhi bangabantu basemapulazini futhi akamncengi uBafana. UPoppie waze wathatha izincwadi zikaBafana ecabanga ukuthi uzobuyela ekhaya wamtshela ukuthi uzishisile wathumela umlotha emsebenzi kaBafana.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile ukuthi uyakwamukela / akakwamukeli bese esekela impendulo yakhe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

13.10 Ngiyazwelana nomlingiswa onguNgubane. Ngangiyophatheka kabi, ngihambe impela njengoba kwakungeke kube lula ukuthi ngiqhubeke ngihlale endaweni lapho ngibona khona ukuthi impilo yami isengcupheni ayiphephile.

NOMA

Angizwelani nomlingiswa onguNgubane. Ngangiyophatheka kabi, ngihambe ngiphindele ekhaya kumndeni wami ngifike ngixolise njengoba kwakungeke kube lula ukuthi ngiqhubeke ngihlale endaweni lapho ngibona khona ukuthi impilo yami isengcupheni ayiphephile.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe wokuzwelana/wokungazwelani bese esekela]

(2)

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] **[25]**

UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE

UBUCIKO BOMLOMO

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze umyalezo akhombise ukuthi unalo ulwazi ngomyalezo othi 'kumele uwasebenzise amathuba owatholayo ngobuhlakani ukuze uphumelele' aweyamanisa nobuciko bomlomo benganekwane ethi, 'Inkinga yesele' kanye nezibongo ezithi, 'Izibongo Zenkosi u-Albert Luthuli.'

UMZIMBA
Inkinga Yeselesele

- Iselesele lihlangana nenduna yasehlathini indlovu elibuza ukuthi liyikhokhile yini intela yasemhlabeni webhubesi. Iselesele lasebenzisa ithuba lobuhlakani lathi likhohlwe isikhwama semali emanzini.
- Iselesele libuye lisebenzise ithuba elalithola ngobuhlakani ngenkathi lithi endlovini bese liyikhokhile intela yenkosi uNkanyamba, inyoka yamanzi lathi linikeze ingwenya, induna yenkosi yamanzi.
- Kuthe kusenjalo, kuqhamuka ingwenya ibuza iselesele ukuthi liyikhokhile yini intela yenkosi yasemanzini. Iselesele liqhamuka nobuhlakani lithi ngabe liyayinika ngaleso sikhathi intela manje likhohlwe isikhwama salo semali ehlathini.
- Iselesele lithi liyinikile indlovu intela yalo ngoba likhonza enkosini yasemhlabeni ingwenya yakholwa yileyo mpendulo.
- Iselesele lalilokhu liphunyuke njalo kula makhosi lisebenzisa ubuhlakani balo kwaze kwaba yizinyanga eziyisithupha.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

- Langa limbe iselesele lihlangana nezinduna ezimbili, eyasemanzini neyasemhlabeni zibuza iselesele ukuthi seliyikhokhile yini intela yasemhlabeni neyasemanzini, lisebenzisa ithuba lobuhlakani libona umgodi ligxumela emgodini lase lisinda kanjalo.

Izibongo Zenkosi u-Albert Luthuli

- U-Albert Luthuli wasebenzisa amathuba okufunda waba nguthisha waze waphumelela empilweni.
- Abelungu baze bayamangala esethweswa iziqu yi-American Board ngokuphumelela kwakhe.
- Usebenzisa ithuba lokuba abelungu bamfundise nolimi lwesiNgisi ugcina ngokuphumelela ukubavukela abelungu labo esebenzisa leyo mfundo ayithole kubo ukuthuthukisa umphakathi wabamnyama.
- Ukhombisa ukuba ngumholi weqiniso kubantu ubakhombisa indlela okumele bayihambe ukuze bathole inkululeko.

- Uyaphumelela ukufaka imfundiso yenkululeko ezikoleni nasemasontweni.
- Wayeyinkosi kodwa udela ubukhosi bakhe ukhetha ukulwela abantu abansundu, uze uya kwamanye amazwe anjengoZimbabwe noNoweyi.
- Ngokusebenzisa amathuba okufunda, ukwazi ukuba yingxenye yalabo abahlahla indlela eya enkululekweni ngo-1994.
- Ngobukhulu ubuhlakani usebenzisa imfundo yakhe ayizuza kubo abamhlophe wabashintshela.
- Ulwa ngokubhala efundisa isizwe sabampisholo, abelungu bona balokhu belwa ngezikhali/ngezibhamu.
- Uthweswa iminyezane yokuthula (Noble Peace Prize) ngegalelo lakhe kwezombusazwe.
- Inkosi u-Albert Luthuli wayeyingqabutho kwezombusazwe.
- Uba negalelo elikhulu futhi waphumelela ukuqamba inhlangano kaKhongolose ngenjongo yokudabula amaketango obandlululo lwabamhlophe kubantu abamnyama ukuze bathole inkululeko.
- U-Albert Luthuli usebenzisa kahle ubuhlakani bakhe ukuze aphumelele ukungalweli ukhongolose nama-Afrika kuphela kodwa umhlaba wonke.

ISIPHETHO: (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Inganekwane nezibongo ziwugqamise kahle umyalezo wale mibhalo yobuciko bomlomo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ezifakazela umyalezo yale mibhalo yobuciko bomlomo.

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE

UBUCIKO BOMLOMO

15.1 Umoya wokukhathazeka. UHlakanyane ukhathazwa ukubona indlela impisi edla ngayo uma kunenyama evelile endaweni nokuthi impisi yayingazithathi izeluleko.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umoya waphinde wasekela impendulo] (2)

15.2 Le ndaba yenzeka endaweni eyihlathi eNtshonalanga. Yenzeka esikhathini sakudala njengoba iqala ngokuthi 'kwakukhona...' isimo senhlalo esingesihle siyethulwa lapho uHlakanyane wayekhathazwa wukuba nomona ngempisi nokudla nanokuthi yayingafuni ukuboniswa.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ukwethulwa kwesizinda esingenisweni senganekwane] (3)

15.3 Lesi saga sichaza ukuthi uma umuntu esenkingeni yilapho abantu bethola injabulo basizakale ngokuba senkingeni kwakhe njengoba noHlakanyane wayefuna ukuqeda umhobholo wempisi wayikhohlisa ngokuthi ihhashi lifile wase esizakala uma impisi ihudulwa ihhashi liyikhipha amazinyo.

[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isaga waphinda waveza nokuhambela kwaso nokwenzeka enganekwaneni] (2)

15.4 Umxoxi uhlose ukusixwayisa ukuthi akukhokheli ukuba nomhobholo empilweni futhi kuba nomphumela ongemuhle, njengoba nempisi eyaba inomona ngokufuna ukudla yodwa yagcina isingene engozini ngokukhumuka amazinyo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuveza inhloso yomxoxi ekuphetheni inganekwane esebenzise amagama awanikeziwe]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa] (3)

15.5 Ngikuphicaphica ngezinkomishi zami ezimhlophe ezihlala ethileyini elibomvu.

[Nikeza amamaki amabili uma esiqambile isiphicaphicwane esinempendulo ehambelana negama eligqamile enganekwaneni.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka] (2)

15.6 Umxoxi uphumelele kahle ukuveza umlingiswa onguHlakanyane ngobunjalo bakhe ngoba ungumlingiswa oqaphelayo njengoba wakwazi ukubona indlela impisi edla ngayo konke ukudla. Uphinde wamveza njengomlingiswa ohlakaniphile/onamasu okuyekisa impisi umkhuba omubi, wayikhohlisa ngokuthi ihhashi lifile usayolanda amanqe kanti uyakhela uzungu. Impisi yadonswa yihhashi yagcina ngokulimala.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngempumelelo yomxoxi ekuvezeni umlingiswa onguHlakanyana] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

15.7 Ugandaganda omagiy' aya phambili,
Ugandaganda ongayi emuva
Ukuxhumana okusekuqaleni.

[Nikeza amamaki amabili uma ekutomulile ukuxhumana okutholakala ebinzeni lokuqala waphinde wanikeza uhlobo lwakho] (2)

15.8 Okufanayo phakathi kwehubo nezibongo ukuphikelela uye phambili noma isimo sinzima. Kuleli hubo kuhaywa uma kuphokophelelwa ukuya phambili noma kunzima ukuze ekugcineni kunqotshwe kanjalo nezenzo zikaDkt. Zungu zikhombisa ukuphokophelela ukuya phambili nakuba bemcindezela ekugcineni waphumelele.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekuvezile okufanayo phakathi kwehubo kanye nezibongo] (3)

15.9 Umqondo ofanayo otholakala ezibongweni nasezithakazelweni owokuba nemisebenzi emihle. Ezibongweni uDkt. Zungu ufaniswa nesihlahla esinezithelo ezinhle njengoba aziwa ngemisebenzi emihle yokufundisa abantu, ebanikeza ulwazi kanti nakhona ezithakazelweni abantu bakwaCele baziwa ngemisebenzi emihle, abathi uma sebeyenzele isizwe bafune ukubukwa ngayo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuqhathanisa umqondo ofanayo otholakala ezibongweni kanye nasezithakazelweni] (3)

15.10 Lo mugqa obhalwe ngokugqamile uhambelana kahle nomyalezo othi, 'Uma unolwazi oluningi njengoDokotela Zungu kufanele uludlulisele kwabanye abantu ukuze bathuthuke nabo ngoba ugqamisa ukuthi baningi abantu abasizakalayo ngokuthola ulwazi kuDokotela Zungu.

[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukuveza ukuthi umugqa ogqamile uhambelana kanjani nomyalezo] (2)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: UMDLALO

UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-esseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze isizinda akhombise ukuthi unalo ulwazi ngendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.

UMZIMBA:
Indaba yalo mdlalo yenzeka ezindaweni ezahlukahlukene.
Indawo
Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni elokishini kwaChappies eMandeni.

EDark City – Yilapho kuhlala khona umndeni kaMdaluli noChivenga.
KwaDukuza: - Kusebenza uHeshane usebenza ehhovisi loMnyango wezaseKhaya.
- Kusesibhedlela lapho kwakulele khona uChivenga emuva kokuthakathwa uMdaluli.

ESundumbili: - (esiteshini samaphoyisa)
- Kusebenza uZayeka owayebopha uMdaluli uma enze icala.

Inkathi/Isikhathi – (Isikhathi samanje)
- UMdaluli usebenza efemini eThekwini e*Clairwood,* ugcina ediliziwe ngoba isivalwa ifemu.
- UZenyezile ungosonhlalakahle osize izingane zikaMdaluli ngenkinga yokuhlukunyezwa.
- ULondiwe ufunda esikhungweni semfundo ephakeme, iMangosuthu.

Isimo senhlalo/sezinto:
- Isimo senhlalo siqala sisihle kunokuzwana emndenini kaMdaluli, bayancokola, bahlala ngokujabula baxoxa ngemfundo yezingane.
- Isimo siyaguquka siba muncu emuva kokudilizwa kukaMdaluli emsebenzini.
- UMdaluli uba nodlame, uhlukumeza umndeni wakhe, okuholela ekutheni agcine ngokuboshwa.
- UMdaluli uba nomona ngempumelelo kaChivenga emsebenzini wakhe, okugcina ngokuba azame ukumkhinyabeza ngomuthi nokumlalela unyendle amlimaze.
- Ekugcineni kuba nenhlansana yethemba lokuthi kuzoba nokuthula emndenini kaMdaluli emuva kokuxolelana esitokisini kukaMdaluli nezingane zakhe kanye noChivenga.
- Izisebenzi zikahulumeni zisebenza ngokwethembeka. UZayeka njengephoyisa uma ethola umyalezo wodlame uyafika qathatha kwaMdaluli. UZenyezile onguSonhlalakahle uza nezindaba ezibuhlungu zokubhubha kwabantu abaningi ngesikhathi kuzamazama umhlaba eSudan lapho ayevakashele khona uMdaluli, aphinde anike izeluleko kuLondiwe ngamathuba emifundaze.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIPHETHO: (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usethule kahle isizinda sendawo lapho umdlalo wenzeka ezindaweni ezahlukene, inkathi kanye nesimo senhlalo.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokwethulwa kwesizinda].

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 17 : UMBUZO OMFUSHANE

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Isimo senhlalo asisihle ngoba uMdaluli ukhathazekile njengoba elapha ejele, uvakashelwa ngamadodakazi akhe ejele ukuthi bazoxoxisana njengoba ayewacelile uphinde ucela noxolo ngezenzo zakhe ezinodlame ayezenze kuwona.

[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isimo senhlalo wasekela impendulo yakhe] (2)

17.2 Umlandi usitshela ngemizwa yokuzehlisa nokuzithoba njengoba uMdaluli ubonga izingane zakhe ukuba zifikile ukuzombona ejele. Uphinde asitshele ngemicabango/izenzo zabalingiswa njengoba oLondiwe, noKhombephi noNenezi bebukana kuqala uma uMdaluli ebazisa ngephupho lokuthi makalande izingane azixosha. Umlandi usichazela ngemizwa yabalingiswa njengoba uMdaluli ejabula uma izingane zimxolela, baxhawulane bonke bejabula.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile umsebenzi womlandi wanikeza isizathu sempendulo yakhe] (3)

17.3 Indikimba yalo mdlalo eyodlame lwasekhaya nodlame lwasemphakathini. UMdaluli ucetshiswa nguMbhebhezeli ukuba athakathe uChivenga ngoba uyisifikanamthwalo esithathela uMdaluli umsebenzi. UMdaluli nangempela wamthakatha uChivenga njengokucetshiswa nguMbhebhezeli uChivenga wagcina esesibhedlela esebole isandla.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane indikimba ebhebhethekiswe uMdaluli noMbhebhezeli kulo mdlalo] (3)

17.4
- UMdaluli ushaya uMaMlanduli ngoba efuna indabandaba ngenkani, uLondiwe wabiza amaphoyisa waboshwa.
- Kuthe ngokungawutholi umsebenzi wokwakha umuzi wakwaKhuzwayo ngenxa yokuthi umsebenzi sewutholwe nguChivenga, umlalela unyendle ehlathini laseMphekandlubu, uyamshaya amlimaze kwaqhamuka iphoyisa uZayeka lambopha.

[Nikeza amamaki amabili uma efingqile izigameko ezaholela ekuboshweni kukaMdaluli] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

17.5 Umbhali uveza ukubaluleka kokuhlalisana kwabantu abakhelene njengoba uManqina wafika wazochazela uMaMlanduli ngokudilizwa kwabo emsebenzini. Wafika masishane ukuzolamula ngenkathi kunokuxabana emndenini wakwaMemela futhi wacebisa uMdaluli ngezindlela ezamukelekile zokuxazulula izinkinga zomndeni.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile isizathu sokuba khona komlingiswa onguManqina kulo mdlalo] (3)

17.6 Inkulumo kaHlengiwe nesenzo sikaChivenga kunobuqili. UHlengiwe unquma ukuthandana noChivenga ngoba ecabanga ukuthi uzomsenga imali kanti noChivenga uzokwenza izindlela zobuqili zokushadiswa noHlengiwe engazi esebenzisa uHeshane.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile inkulumo kaHlengiwe nesenzo sikaChivenga sokufuna ukuba isakhamuzi] (3)

17.7 Inhloso yombhali ukugqamisa ukuhlonipha kwezingane zikaMdaluli njengoba zisemukele isicelo sakhe sokuba zize ejele ukuzozwa ukuthi ubaba wazo uthini futhi nokuveza ubuqotho bokufundiseka ngokuziphatha kwezingane.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokuba khona komlingiswa onguLondiwe, uKhombephi kanye noNenelezi kulesi siqeshana] (2)

17.8 Iyakholakala ngoba baningi abantu besifazane abazithola sebeshadisiwe nabantu abangabazi kulesi sikhathi sekugcwele izifiki kuleli ezifuna ubuzwe ngobuqili njengoba noHlengiwe wathola ipasi lakhe selibiza esinye isibongo okungesona esakhe sekungesikaChivenga.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe mayelana nendlela ashadiswa ngayo uHlengiwe]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

17.9 Ngiyavumelana ngoba kuthi noma uMdaluli emhlukumeza akathandi ukumbophisa ngenxa yothando ayenalo ngaye. Nangesikhathi uLondiwe ebophise uMdaluli, uyamncenga ukuba esule icala.

NOMA

Angivumelani ngoba uMaMlanduli wayehlaliswe ukwesaba ukuthi uma engambophisa kwakuzodliwani ngoba uMdaluli nguyena yedwa owayesebenza ekhaya.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wokuvumelana / ukungavumelana ngokuvezwa komlingiswa onguMaMlanduli onothando kuMdaluli]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

17.10 Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo ngepholavuthondaba kunokubuyisana nokwamukelana emndenini njengoba uMdaluli ushiya umndeni wakhe uya eSudan ukuyovakasha/uyofunda ngezindlela zokuphatha umndeni. kusenjalo kufike uZenyezile azobika ngenhlekelele yengozi yokuzamazama komhlaba okube khona eSudan. UZenyezile uchazela uLondiwe ngezinhlobo zomfundaze angazithola uma kwenzeka ukuthi uMdaluli akasindanga kule nhlekelele. Akwaziwa ukuthi uMdaluli usindile yini kuleyo ngozi okushiya umndeni wakhe uzibuza ukuthi kazi uMdaluli usindile yini kule ngozi.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngekhono lombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo] (3)

[25]

UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-esseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze isizinda akhombise ukuthi unalo ulwazi ngendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.

UMZIMBA:
Indawo:
Kulo mdlalo indaba yenzeka ezindaweni ezahlukahlukene. Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya endaweni yeNkosi uSalimani, eMshwathi kanye nasendaweni yasedolobheni eMgungundlovu.

eTsheni:
- Inkosi uSalimani ubiza imbizo ukuze atshele isizwe ngesinqumo sikahulumeni sokuklanywa kabusha kwemingcele.

Inkantolo yaseMshwathi:
- INkosi uSalimani wayebizwe nguZithulele emtshela ngodaba lokuklanywa kwemingcele.
- INkosi uSalimani wetheswa icala lokuthi abantu bakhe bahlasele abantu bakaMgqabula.

Inkantolo yaseMgungundlovu:
Inkosi uSalimani liyamthetha icala lokuhlaselwa kwamabutho akwaVimbingwenya ngabantu bakaMgqabula.

Inkathi/Isikhathi: Lo mdlalo wenzeka esikhathini sezinguquko kusanda kufika abelungu.
- Ukufika kwabelungu bengenayo indawo bangenisa endaweni yeNkosi uSalimani bezogoba amadlangala.
- Abelungu bafika basebenzisa izinduna zeNkosi ezingoMphiliphili, uNgoza noNgejeni ukuba babathuthele izindaba.
- Izinduna zaphendukela iNkosi uSalimani zaba ngamambuka zamukela izipho ezivela kubelungu.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

- UZithulele ngomlomo kaHulumeni uSomtsewu noZithulele batshela uSalimani ukuthi bazoklama imingcele kabusha.
- Uma kunecala kokulwa kwabantu basemapulazini kanye nabeNkosi uSalimani kuyiwa ezinkantolo lapho kuqulwa khona amacala.

Isimo senhlalo: Isimo senhlalo siqala sisihle , iNkosi uSalimani nabantu bayo behlezi ngokuzwana.

- Siguquke lapho sekufike abelungu besebenzisa abantu beNkosi ukuze bajikele iNkosi uma kunezinqumo ezithathwayo.
- Abelungu bamapulazi behlangene nohulumeni banobuqili bafuna ukuklama kabusha umngcele wezwe likaSalimani.
- Ukungahlalisani kahle kukaSalimani nabelungu, abacwasa abantu abamnyama bethi imfuyo yabantu beNkosi uSalimani ithelela imfuyo yakobelungu ngezifo futhi izalisa izinkomazi zabo uhlobo olungasile lwezinkomo. Bala ukulandela amasiko nemikhuba yesintu njengokususa ubuthi okhambeni lotshwala njengoba sithola kwenza uNomehlo.
- Kuyahlaselwana, abantu bakaMgqabula abelungu bahlasela amabutho emzini kaMcondo ekuholele ekuboshweni kukaNomehlo.
- Inkosi uSalimani ubusa ngentando yeningi uyababiza bonke embizweni ngisho nabesifazane imbala.

ISIPHETHO: (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usethule kahle isizinda sendawo lapho umdlalo wenzeka ezindaweni ezahlukene, inkathi kanye nesimo senhlalo.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zesizinda]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Isimo senhlalo sihle ngoba uSomtsewu wamukela uSalimani ehhovisi lakhe eMgungundlovu. UNdabazabantu utshela uSalimani ukuthi akaze athanda ukubonana nomuntu engamhlelelanga kodwa ngoba eseze wafika uzolulalela udaba eze ngalo.

[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isimo senhlalo wasekela impendulo yakhe] (2)

19.2 Umlandi usitshela ngendawo lapho kuhlanganele khona uSomtsewu, uNongejeni kanye noSalimani ukuthi bahlanganele ehhovisi likaSomtsewu eliseMgungundlovu. Umlandi usitshela ngemizwa kaSomtsewu ngenkathi ekhuluma noNongejeni ngokunganaki. Uphinde asitshele ngokwenzeka endabeni njengoba uNongejeni elokhu etolika ngokubhekisa kuSalimani okushiwoyo.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile umsebenzi womlandi wanikeza isizathu sempendulo yakhe] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

19.3 Indikimba yalo mdlalo eyombangazwe. UNdabazabantu wayethunywe nguhulumeni wabelungu ukuba atshele uSalimani ukuthi izwe ulibuyisela kubanikazi balo okungabelungu. USalimani uyenqaba ukuba izwe lakhe liklanywe liphiwe abelungu ngoba ethi izwe elikayise uMaNyosi.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane indikimba ebhebhethekiswe uNdabazabantu noSalimani kulo mdlalo] (3)

19.4
- UZithulele wathumela abantu bakaMgqabula ukuba bahlasela abantu bakaNomehlo kanti kuzolimala abantu abaningi basemapulazini.
- Kuthe ngokulimala kwabantu abaningi basemapulazini kwathunyelwa umyalezo wokuthi kuboshwe uNomehlo kanye namabutho.

[Nikeza amamaki amabili uma efingqile izigameko ezaholela ekuboshweni kukaNomehlo] (2)

19.5 Umbhali uveza ukubaluleka kokuhlalisana komndeni ngokusekana uma kukhona izingqinamba ezibhekene nomndeni njengoba abafowabo bakaSalimani babemeseka uSalimani lapho uhulumeni efuna ukuthatha izwe lakhe ngokuba khona ezinkantolo lapho kuqulwa khona amacala.
USalimani wayebiza bona kuqala ukuze bamcebise ngezinqumo azithathayo nalapho uMphiliphili esejikele uSalimani kwaba yibona abamsiza ukuthetha icala lakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile isizathu sokuba khona kwabafowabo kaSalimani kulo mdlalo] (3)

19.6 Izindlela zokuthethwa kwecala zazingefani, eMshwathi kwakunobuqili eMgungundlovu kunobulungiswa. EMshwathi lalimlahla icala uSalimani baze bamenzela nozungu lokuthi uhlasele abantu basemapulazini. EMgungundlovu lamthetha icala uSalimani ngoba kuthiwa akekho umuntu onelungelo lokuklama indawo yomunye umuntu ngaphandle kokumazisa ngakho-ke imingcele yavuna uSalimani.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile indlela okwathethwa ngalo icala eMshwathi kanye naseMgungundlovu mayelana nokuklanywa kwemigcele kulo mdlalo] (3)

19.7 Inhloso yombhali ukuveza ukuthi babekhona bantu abakwazi ukukhuluma ezinye izilimi abasebehambisana nabelungu njengoba uNongejeni wayetolikela uSomtsewu ngokudlulisa konke akuzwa ekusho ngolimi lwesiNgisi akudlulisela kuSalimani njengoba ekusho ngolimi lwesiZulu.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokuba khona omlingiswa onguNongejeni kulesi siqeshana] (2)

19.8 Buyakholakala ngoba inkosi uSalimani iyawazi umlando wezwe layo lwemingcele njengoba kuthe nangenkathi uHulumeni eyikhohlisa yakwazi ukuqonda ngqo kuSomtsewu yayolwela izwe layo ukuthi lingathathwa ngobuqili.

NOMA

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Abukholakali ngoba uSalimani wayeyiNkosi yabantu abamnyama ababengakwazi ukuvele bakhulume nebala labantu abamhlophe ikakhulukazi uhulumeni.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe mayelana nobuhlakani obukhonjiswa iNkosi uSalimani]

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

19.9 Ngiyavumelana ngoba uthi eyinduna yenkosi uSalimani avume ukubamba umhlangano nabelungu athengwe uNgoza ngopondo abahlanu. Waba wufakazi ongakhulumi iqiniso echema nabelungu ecaleni lokufa kwabantu basemapulazini.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wokuvumelana / ukungavumelana ngokuvezwa komlingiswa onguMphiliphili njengongathembekile]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

19.10 Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo ngopholavuthondaba elubuyisela izinto esimeni sazo njengoba uSalimani ethokoza futhi emukela isinqumo sejaji esasivuna yena. Ijaji linquma ukuthi amacala abhekene noSalimani ahoxiswe izindleko zecala zithwale ummangali. Laphinde lanquma ukuthi kwakungamele bayigudluze imingcele ngaphandle kokwazisa inkosi uSalimani.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngekhono lombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo] (3)

[25]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 20: UMBUZO OMUDE

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-38 ukumaka i-esseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makachaze isizinda akhombise ukuthi unalo ulwazi ngendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.

UMZIMBA:

Indawo: Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni eGoli.
Ibhange iForum:
- Lapha kusebenza khona uPhindisiwe.
- UNkululeko nabangani bakhe oMaqoma noSikela bagqekeza ibhange ngokusizwa uPhindisiwe.

Emzini kaMathonsi: Emzini kaMathonsi noMaMhlongo kuseGoli.
- OMathonsi noMaMhlongo bafikelwa nguNkululeko ufika ubatshela ukuthi ufuna inkosikazi yakhe uPhindisiwe nengane yakhe uZiphozonke.

EPhumula *Section*: Kusemzini kaThamsanqa noPhindisiwe
- UNkululeko ushaya ucingo ufuna ukukhuluma noPhindisiwe.

Ehhovisi likaThamsanqa:
- UThamsanqa utshela uNkumbulo ngezinkinga abhekene nazo ezidalwa ukufika kukaNkululeko.

Emzini kaMakhangela:
- UThamsanqa waya kaMaKhangela ayofuna izingane kanye nezinkomo zakhe.
- Kwaba nodweshu phakathi kwakhe noMaKhangela.

Enkanini emzini kaSara:
- UNkululeko nabangani bakhe bahlasela uSara beyofuna izikhiye zasebhange iForum

EZibuseni enkantolo:
- Icala lokuntshontsha imali liyaqulwa, oNkululeko bayagwetshwa ngamacala okuthumba uSarah, ukuntshontsha imali yasebhange, ukwenza isitifiketi somshado somgunyathi.
- Kuphinde kugwetshwe noPhindisiwe ngokuntshontsha imali yasebhange.

Inkathi/Isikhathi: Lo mdlalo wenzeka enkathini yamanje lapho sekwande khona izenzo zobugebengu.
- UNkululeko wenza isitifiketi nesithombe somshado somgunyathi.
- UNkululeko uvezela oMathonsi isibhamu.
- UNkululeko utshela uPhindisiwe ukuthi inkulumo yabo uyiqophe kumakhalekhukhwini.
- UMathonsi noNkululeko bakholwa emasontweni angefani.
- UThamsanqa unommeli ambikela izinto.
- Kuqulwa icala likaNkululeko, uMaqoma, uSikela kanye noPhindisiwe mayelana nokuqola ibhange.

Isimo senhlalo/sezinto: Isimo senhlalo kulo mdlalo siyaguqugugquka siqala sisihle sigcine sisibi.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

- UNkululeko nabangani bakhe baziphilisa ngobugebengu.
- Umndeni wakwaMathonsi uyabambisana njengokuthi umndeni wakwaMathonsi ukhathazekile ngenxa yodaba olufike noNkululeko
- UThamsanqa nomndeni wakhe bangabantu abaya esontweni njalo ngoLwesithathu ukwethamela izinkonzo zabashadikazi.
- UNkululeko uxabana noPhindisiwe ufuna babuyelane, ufuna noZiphozonke okuyingane yakhe njengoba esephumile ejele.
- UPhindisiwe ukhombisa ukungabi nesimilo, uqoma uNkululeko uthola ingane okungeyona ekaThamsanqa. Ufihlela uThamsanqa ukuthi uZiphozonke ingane kaNkululeko.
- UPhindisiwe ukhuluma iphutha kuMakhangela umtshela ukuthi ushaywe uThamsanqa ubusuku bonke yingakho ebalekele kubo.
- UPhindisiwe uyalutheka ugcina efuna ukubulala uThamsanqa ukuze athole imali yomshwalense namanye amafa.
- UPhindisiwe unako ukuzisola ekugcineni, ubhalela uThamsanqa inkondlo, ucela uxolo.
- UThamsanqa unenhliziyo exolelayo. Emuva kokufunda inkondlo uThamsanqa uyakhala ukhumbula izifungo azenzayo noPhindisiwe.

ISIPHETHO: (Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali usethule kahle isizinda sendawo lapho umdlalo wenzeka ezindaweni ezahlukene, inkathi kanye nesimo senhlalo.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokwethulwa kwesizinda].

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

UMBUZO 21: UMBUZO OMFUSHANE

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Isimo senhlalo asisihle emzini kaMathonsi ngoba kunengxaki edalwe nguNkululeko emayelana nodaba lwengane uZiphozonke okucatshwanga ukuthi ingasonjululwa nguPhindisiwe ongafikanga ukuzoziphendulela.

[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isimo senhlalo wasekela impendulo yakhe] (2)

21.2 Umlandi usitshela ngendawo njengoba uThamsanqa ekubo kwaMathonsi. Umlandi usitshela ngemizwa kaMathonsi enokudabuka nozwelo njengoba ebuka uThamsanqa ekhathazekile ngenxa yodaba lukaZiphozonke okufike uNkululeko wathi ingane ngeyakhe. Uphinde asitshele ngemizwa kaThamsanqa ekhombisa intukuthelo yokuthi ufuna abakwaMakhunga babeke imali esandleni sakhe ngqo./

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile umsebenzi womlandi wanikeza isizathu sempendulo yakhe] (3)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

21.3 Indikimba yalo mdlalo eyokuthanda imali / eyobugebengu. UNkululeko ulekelelwa nguSikela ekwenzeni ubugebengu ngoba efuna imali ngokuthi

wayengumkhongi ngenkathi kulotsholwa uPhindisiwe phambi kukaMathonsi noMaMhlongo. USikela wakhokhelwa nguNkululeko imali ukuze amelekele ekwenzeni isitifiketi somgunyathi esibonisa uNkululeko eshada noPhindisiwe.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane indikimba ebhebhethekiswe uSikela noNkululeko kulo mdlalo] (3)

21.4
- UPhindisiwe wayephoqwe uNkululeko ukuthi bakhohlise uSara athathe isikhiye sasebhange.
- Kuthe esesebhange wakhumbula ukuthi kunemali ayeyishiyile ngenkathi efaka imali kwi-ATM, wakhumbula izikweletu zakhe wayintshontsha kanti ikhamera iyambona kwaba ukuboshwa kwakhe.
- Kufika umuntu wokuqala nowesibili bezokhipha imali babona ukuthi kukhona okwenzeka ngaphakathi omunye wabo washaya ucingo walubhekisa emaphoyiseni.
  (Okubili kwalokhu)

  [Nikeza amamaki amabili uma efingqile izigameko ezaholela ekuboshweni kukaPhindisiwe] (2)

21.5 Isizathu sokuba khona kukaKholekile ukugqamisa ukuthi kukhona abantu othi ngabangani kanti bangamaxoki njengoba uPhindisiwe emethemba uKholekile emxoxela ngazo zonke izinkinga zakhe nobunzima abhekene nabo kanti uKholekile uthunywe nguNkululeko ukuthi asenge izindaba kuPhindisiwe okwaholela ekutheni iqhinga likaNkululeko lokufuna imali liphumelele.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile isizathu sokuba khona komlingiswa onguKholekile kulo mdlalo] (3)

21.6 Inkulumo kaPhindisiwe kanye nesenzo sikaNkululeko sokuyofuna ingane siveza ubuqili bemfihlo ebingaziwa. UPhindisiwe uyathuka njengoba ebona amaqiniso ezovela ngoZiphozonke obekucatshwanga ukuthi uyingane kaThamsanqa.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ukuxhumana phakathi kwenkulumo kayedwana kaPhindisiwe emuva kokuphendula ucingo lukaMhlongo] (3)

21.7 Inhloso yombhali ukuqaphelisa ngobungozi bokuthathela izinto phezulu njengoba uMathonsi ekhuza uThamsanqa noMaMhlongo ukuthi abangaluthatheli phezulu udaba olufike noNkululeko njengoluyiqiniso futhi mabangakhulumi kabi ngoPhindisiwe ngoba akaze enze okubi kubo.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokuba khona omlingiswa onguMathonsi kulesi siqeshana] (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

21.8 Kuyakholakala ngoba abantu bangenza noma yini ngenxa yothando lwemali. UNkululeko wayemthanda uPhindisiwe, wavuma ukuba athwale icala lakhe ngaphezu kwalokho uPhindisiwe wamgqiba ngezinkulungwane ezingamakhulukhulu zemali.

NOMA

Akukholakali ngoba uNkululeko wayethandana nje noPhindisiwe azi ukuthi ushade noThamsanqa. UNkululeko wayesebenza kunguyena onika uPhindisiwe imali emthengela nezingubo zokugqoka.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe mayelana nokuvuma kukaNkululeko kokuboshelwa icala angalazi]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

21.9 Ngiyavumelana ngoba kuthi lapho kugana uPhindisiwe angabatsheli abakwaMathonsi ukuthi uPhindisiwe unezingane ezimbili azishiye ekhaya amkhulisela zona. Uphinde avume ukunika uPhindisiwe imali yokugqiba icala lokushayisa ingane. Kuthi lapho uPhindisiwe exabana noThamsanqa wakwazi ukubuyela kubo kwaMakhunga, uMakhangela waba nesibindi sokuvikela uPhindisiwe kuThamsanqa wamedelela embuza ukuthi ngekabani ingane abeyishaya ubusuku bonke.

[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wokuvumelana / nokungavumelani ngokuvezwa komlingiswa onguMakhangela njengomlingiswa ongenalo iqiniso njengomzali]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

21.10 Umbhali uwuphethe kahle lo mdlalo ngopholavuthondaba kuvela amaqiniso futhi kuba noxolo. Icala lokuntshontsha imali lingena enkantolo eZibuseni. ONkululeko nabangani bakhe kanye noPhindisiwe bayagwetshwa. UPhindisiwe unikeza uThamsanqa inkondlo ayibhalile lapho exolisa khona . UThamsanqa uyayifunda qede ezwe ubuhlungu , akhale ekhumbula izifungo azenza noPhindisiwe zokuthi bayokuhlukaniswa ngukufa.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngekhono lombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo] (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	**5–6**	**4**	**3**	**2**	**0–1**
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **6 AMAMAKI**	-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko -Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lokuphendula inkondlo -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	**4**	**3**	**2**	**1**	**0–1**
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **4 AMAMAKI**	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. -Awekho amaphuzu ahambelana nesihloko.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	**12–15**	**9–11**	**6–8**	**4–5**	**0–3**
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. **15 AMAMAKI**	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	**8–10**	**6–7**	**4–5**	**2–3**	**0–1**
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. **10 AMAMAKI**	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	**20–25**	**15–19**	**10–14**	**5–9**	**0–4**